# Uhambo Lwesikole saseManqoba

Ibhalwe ngu Notozi Mgobozi
Kufanekiselwa ngu Dale Blankenaar



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi

Abafundi besikole sikaManqoba, sasesigodini esiseMahelehele bazothatha uhambo lwesikole baye eKapa.

Ngaphambi kweholidi lesikole lasehlobo, bacelwa ukuba balungiselele loluhambo, kodwa uthishanhloko akazange abatshele ukuthi bazohamba kanjani lapho beya khona.

Ube esememezela ukuthi kuzohamba abafundi bebanga lesithathu kuphela. Lesi simemezelo sabaphatha kabi abanye abafundi.



Abanye abafundi babengeneme neze futhi bebengagculisekile ngoba uthishomkhulu wathi basebancane ukuhamba, kanjalo bazohamba ngonyaka olandelayo.

Lapho kuvalwe izikole ekupheleni kwethemu yesibili, abafundi bebanga lesithathu baqala ukubala izinsuku eziya ethemini elilandelayo okuhlanganisa namaholide ababezohamba ngawo.

Abafundi bebanga lesihathu babejabule kakhulu ngalesi sikhathi kangangokuthi, abanye babo abakwazanga ngisho nokugxilisa inqondo ekilasini ngenxa yesasaza.



Uthishomkhulu akazange abatshele ukuthi bazondizela eKapa nokuthi indiza bazogibela eMonti. Lokhu wakwenza ngoba ebona ukuthi, njengoba bebancane nje, uhambo oluya eKapa ngebhasi luzobadina. Ngaphezu kwalokho, ukundizela eKapa kuzonciphisa izindleko ezingase zibe khona ekuthengeni ukudla uma behamba ngebhasi.

Yilowo nalowo waqala ukuqhosha ngalokho abazali bakhe ababebathengele kona mayelana nalolu hambo.



Abafundi batshelwe ngoMsombuluko, kusasele usuku ukuthi bangalungiseleli ukudla kohambo. Lwafika isuku lohambo. Bajabule bonke bebona amatekisi amabili ebalindile egcekenil esikole ekuseni.

Abafundi bebephelezelwa abazali babo bembethe ngezingubo ezifudumele ngoba kwakumakhaza ekuseni.



Bagibela amatekisi egcekeni lesikole basuka balibangise kwisikhumulo sezindiza saseMonti.

Abanye bababafundi bebethwele izikhwama ezinzima yize, abazali betshelwe ukuthi umfundi ngamunye, kumele eze nepotimende elilodwa eligcwele izingubo azozigqoka.

Bahambe ngetekisi bebheke eMonti. Bethuka umabefika esikhumelweni sezindiza. Abanye baqala ukukhala lapho bebona ukuthi bazohamba ngendiza.

Othisha babo bazama ukududuza ababekhala. Uthishanhloko ubatshele ukuthi amaphoyisa azobopha abafundi abaqhubeka nokukhala. Abafundi base beyeka ukukhala.

Babe sebengena esikhumulweni sezindiza, abanye babehleka izinto ezingajwayelekile ababezibona esikhumulweni sezindiza.

Bathule bonke, bangene esikhumulweni sezindiza beqalaza, bemangazwe yizinto abaqala ngqa ukuzibona. Abanye babehleka ngenxa yenjabulo.


Indiza yafika besamile kulayini belinde ukutshelwa ukuthi bangagibela.

Bahlala ezihlalweni ababezibekelwe, bebophe amabhande abo ngokufanele. Abanye babo abazange bajabule ngalokhu.

Ngesikhathi indiza isuka, umphathi womoya wama ngaphambili, wabe esecobelelana ngolwazi nabagibeli njengokujwayelekile.

Wabe esukuma uLuyanda ethatha izithombe ngekhamera yakhe. Umphathi womoya wamkhuza wathi akahlale phansi abophe ibhande ngoba isikhathi asikafiki sokuthatha izithombe.

Ngesikhathi ibhanoyi lisuka, kuzwakale abafundi bekhala. Umphathi womoya kanye nabanye abagibelei bazama ukubathulisa, besula izinyembezi kulabo ababekhala.



Kwabe kumemeza omunye umfana owayehlezi ngasefasiteleni wathi: “Sindiza ngaphezu kolwandle, sizominza!”

Kwathula kwathi cwaka, wonke umuntu walunguza ngefasitela lakhe.

Lapho, uLuyanda wayefihle ukudla kwakhe. Wabe esememeza ethi : “Asidle ngoba ngilambile manje!”



Wavinjwa uma kuthiwa "Awuvunyelwe ukudla ukudla kwakho lapha."

Baphiwa ukudla, kwaba mnandi ngoba wonke umuntu wayejabulela ukudla kwabo.

ULuyanda akazange adikibale ngokuhlinzekwa kwakhe, wazitshela ukuthi uzodla ukudla kwakhe uma sebefikile eKapa.



Indiza yahlala esikhumulweni sezindiza saseKapa. Basukuma belunguza ngamawindi. Besaba, behla, bahamba bebambene nabagibeli abathile, behla ezitebhisini ezinyakazayo beyolanda imithwalo yabo.

Bafika ngaphandle kwesikhumulo sezindiza ibhasi libalindile.



Ibhasi yabamangaza kakhulu, kanjalo badudulana ukuze bangene kulayini ngaphambi kokugibela. Wonke umuntu wayefuna isihlalo sefasitela ukuze babone iKapa ngesikhathi begibele.

Bamangala bonke uma befika ehhotela elikhulu elibizwa ngokuthi 'The Blue Moon', elalibheke olwandle endaweni ebizwa ngokuthi yiSea-Point. Behla ebhasini base beqoqa imithwalo yabo.



Abanye masinyane bakhumula izingubo befuna ukuyobhukuda. Ngokushesha, uLuyanda wabe esebabaza, “Ngiyacela bafo, ningajahi, ulwandle lolu, akuwona umfula!”

“Batshele bayeke thisha,” kusho uJabulile. “Akuwona umfula lona, nizominza.” Babesebeyiswa emakamelweni ababezolala kuwo ngababili. Nalapho bababaza umbhede omuhle nokudla okulula okulungiselelwe bona.

Bazolandwa ngokuhamba kwesikhathi ukuthi bayekudla isidlo sakusihlwa.



Bonke baphuthuma izihlalo eziphambili etafuleni lesidlo. Babengenaso isiqiniseko sokuthi bazokhethani ngoba ukudla ababekuphakwa babengakujwayele.

Izisebenzi zasehhotela zazibasiza ngezinto abazikhethayo, nangokubalungiselela ukudla emapuletini abo.

Emva kokuhamba kuzo zonke izindawo ababehlele ukuya kuzo, balungiselela ukuya ekhaya.



Ibhasi lafika ngesikhathi, labayisa esikhumulweni sezindiza.

Bagibele ibhanoyi, bafike eMonti, bangena ematekisini bejabule, babheke ekhaya bemagange ukuxoxela wonke umuntu ngohambo lwabo.

ULuyanda kwathiwa nguMphako.

Kwakumnandi esikoleni, futhi wonke umuntu wayebheke ngabomvu uhambo lwesikole olulandelayo.



